Rmg_3 3 _22

UMHLANGANO WESITHUPHA WOMKHANDLU WESIHLANU
WAKWAZULU OSHAYUMTHETHO

INKULUMO YOMGOMO
NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU

ONDINI 17 MASHI 1994

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngisukuma ukwethula okungenzeka ukuba kube yiNkulumo yami Yomgomo yokugcina kuloMkhandlu onesithunzi sokuhlonipheka. Ngitshenwa ukuthi uMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho uzopheza ukubakhona ngemuva kwalolukhetho oluzayo oluhlongozwayo. Ngaphandle kokuba ubekhona ngenjongo yokuba ubeyuhlelo lokudlulisela amatomu kahulumeni emkhandlwini oshayumthetho wesifundazwe ozokhethwa ngokhetho luka-Aprili.

Kakukhomuntu eNingizimu ne-Afrika okwaziyo ukubona ukuthi kuzokwenzekaniâ\200\231 ngempela nxa ukhetho lughubeka. Mina ngokwami ngehluleka ngisho nokulubona lolukhetho lughubeka ngendlela engenazihibe ngaphandle kokuhlanganyela kwethu kulo ngentando yethu. Kangikwazi ukubona ukuthi isibalo esikhulu sabantu baKwaZulu neNatali bazohlanganyela ngentando yabo kulolukhetho. Kangikwazi futhi ukubona ukuthi lolukhetho luzoba ngolukhululekileyo nolungenzeleliyo nxa luphogelelwa kubo ngokuphakwa  kwemibutho yezokuphepha njengoba uMengameli de Klerk esitshene ukuthi uzokwenza lokho.

Kakulona nje udaba olulula lokuthi lolukhetho lungaphogelelwa phezu kwethu, ibese kuthi ekugcineni kube nesibalo sabantu eseneleyo abazoya okhethweni. Kimi ukhetho kalukwazi ukuba ngolukhululekileyo nolungenzeleliyo nxa ukuphikiswa kwalo kubhidlizwa ibese kuthi labo abafuna ukhetho bakwazi-ke ukuvota.

Kimi ukubhidlizwa kukaHulumeni kaMangope . eBophuthatswana kubhidlize wonke amathemba okuba lolukhetho lube ngolungenzeleliyo nolukhululekileyo kulesoSifunda. Indluzula, nokuphanga nokubulala okwenzekileyo ukuze kuketulwe uHulumeni waseBophuthatswana bekunezinga elikhulu lokwesabisa kangangoba kasisoze sazi ukuthi bangakhi abantu abayophetha ngokuvota ababengeke bavote ukuba kwakungazange kubekhona lokhuya kwesabisana. Kusukela ekuketulweni kukaMengameli Mangope, sesizwile ukuthi owake wabayilungu lePhalamende

laseBophuthatswana, ˜uMnu.  Shadrack Kadi, nomnawabo obesebenza eMnyangweni weZobulungiswa, babulawe kanjani ngethayi elivutha umlilo.

Ukuba iQembu i-Christian Democratic Party noHulumeni waseBophuthatswana bebenikezwe ukusekelwa yiKhomishani Ezimeleyo Yokhetho, iSigungu Sesikhathi Soguquko noHulumeni weseNingizimu ne-Afrika, okuyikusekela lemikhakha ekunikeza i-ANC eBophuthatswana njengamanje, umphumela wokhetho oluzobakhona ubuyokwehluka ngendlela ebonakalayo kulokhu ozoba yikho manje.

Kasigeini nje ngokuba nesakhiwo sezwe esichithwa yingxenye enkulu yomphakathi, kepha sinezinhla ezesabekayo zikahulumeni, yimikhakha esebenza ngaphansi kukahulumeni neminye esebenza ngokwezimiso ezijwayelekileyo zenqubo yezwe elekelela lawomagqembu azobanga ukhetho. Izigaba zeKhomishani Ezimeleyo Yokhetho eziyigunyaza ngamandla, zonke zihlelelwe ukuvikela ilungelo lamagembu afuna ukulwa ukhetho ngendlela elimaza amagembu asichithayo isakhiwo sezwe nokhetho.

UHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ne-ANC sebesebenzisa amandla apheleleyo oMbuso ukunyakazisa iNingizimu ne-Afrika bahlwithe ukungoba okhethweni. Banemithetho eyashayelwa ukulekelela bona, kanye neMibutho Yezokuphepha abayihlanganisa kabusha ukuze iphogelele lemithetho ngendlela evuna bona.

BanoMkhandlu Ozimeleyo Wezinhlelo Zokusakaza Izindaba (Independent Media Council ) futhi baneNhlangano Yokusakaza YaseNingizimu ne-Afrika neNhlangano ye-Television yaseNingizimu ne-Afrika etshekele ngasekubacabeleni indlela eya okhethweni. Banamasonto namabhizinisi amakhulu abasekelayo.

Manje sesimi engozini yokufinyelela endaweni lapho ngisho noma ngabe umphumela walezizingxoxo zokubonisana zehora lokugcina ungaba yini, amaghinga okucoboshisa ukuphikiswa kokhetho azobe esevele esewufezile umsebenzi wawo ongcolileyo. UMengameli Mangope wayemi nathi ngokupheleleyo elwela yona kanye lemigomo nezichibelo zesakhiwo sezwe esizilwelayo. Kepha manje, ngisho noma singaphumelela kulezizingxoxo

sinikezwe lezozichibelo esizifunayo, ngeke esasizakala yena. Amathuba akhe okhetho asevele abhidliziwe. :

Kufanele ngikusho ukuze kuqopheke phansi ukuthi kimi kucace ngokusobala ukuthi kakulona uhlelo Iwangokomthetho olugonde okhethweni ngosuku oluthile olunqunyiweyo olungakwaziyo ukumiswa lugondiswe kabusha kolunye usuku

okuyikhona okuyosinikeza isikhathi esidingekayo ukubonisana ngekhambi elihlanganisa yonke imikhakha. Â£

Okuyiyonanto engasenakunqandeka ngempela kuHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ne-ANC yijubane asebefuqwa ngalo ngumbusazwe wabo wamaqembu. I-ANC ibeka izidingo ze-ANC ngaphambi kwezidingo zezwe. UHulumeni waseNingizimu ne-Afrika naye wenza into efanayo ncimishi. Bekungasebenzeli zona izidingo zezwe ukuba kudalwe isimo esintengantengayo kwelaseBophuthatswana nokwenza ukhetho kulesosifunda lube ngolwenzelelayo

ngendiela yokuba angabe esabakhona kwakhona nje manje amathemba okhetho olukhululekileyo nolungenzeleleliyo.

Ngifuna ukukusho ukuze kuqopheke phansi ukuthi kwaba yi-ANC isebenzisa amasu namaghinga ayo omshoshaphansi wokuvukela umbuso nabaphehli bozuthu okudale isimo esintengantengayo kuleliyazwe. UMengameli Mangope wakubeka ngamazwi ayiwo nxa ethi kwabakhona ukuphanga eMmabatho, hhayi ukuphangwa kwezitolo nje kuphela, wathi uHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ne-ANC babuye baphanga namandla ombusazwe eBophuthatswana.

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngikhuluma lapha ukuze kugopheke phansi ngoba ababhali bomlando bangomuso bayothi nxa bebheka emuva ezehlweni zalesisikhathi kufanele bafumane ukuthi umlando welaKwaZulu ugoshwe phansi futhi uqondene nezehlakalo ezehla ngo-1994.

KwelaseBophuthatswana ˜ kakubanga nguye uMengameli Mangope owayesephutheni. Ngisho noma ungacabangani ngombusazwe wakhe wayenelungelo lokuthungatha ikhambi lombusazwe ngokusebenzisa ibhokisi lokuvota, futhi wayenegunya elipheleleyo lokugcizelela ukuba kube ngamaqembu abhalisileyo kwelaseBophothatswana akwazi ukubamba imihlangano nokughuba imikhankaso yokhetho. Loludaba lusobala kakhulu. I-ANC yayinalo ithuba lokukhetha ukwenza lokho noma benze lokhu abakwenzileyo. Baqoka ukudala isimo esintengantengayo kwelaseBophuthatswana, kanti neKhomishani Ezimeleyo Yokhetho noMkhandlu Wesikhathi Soguquko kabenzanga lutho ukunqanda indluzula yombusazwe eyenzeke kuleyandawo.

Udaba olumqoka olwasetshenziswa ukuvukuza ubuhlungu nentukuthelo phakathi kwezisebenzi zikaHulumeni waseBophuthatswana kwaba yikusebenzisa imfundiso-ze enonya yokuthi izimpesheni zabo kaziphephile. Kwakuyodinga usuku nje noma ezimbili ukuba iKhomishani Ezimeleyo Yokhetho noMkhandlu Ozimeleyo Wezinhlelo Zokusakaza Izindaba ukuba baginiseke ngokuthi ngabe likhona yini iqiniso kulokhu kukhathazeka kwezisebenzi zikaHulumeni. Uphenyo lwaluyobatshena ukuthi isikhwama sezimpesheni zaseBophuthatswana singesinye seziphephe nezingcono kunazozonke ezweni. Esikhundleni sokuthatha izinyathelo

P

zokunikeza izisebenzi zikaHulumeni isiginiseko, uMkhandlu Wesikhathi Soguquko walindela ithuba lokuhlwitha amandla kuMengameli Mangope.

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngigxila kuloludaba ekugaleni kweNkulumo yami Yomgomo ngoba lokho okwakuhlelelwe elaseBophuthatswana sekuhlelelwa elaKwaZulu manje. Ngifuna ukufunda isinqumo seNgqungquthela yeSifunda saseNatali ye-Congress of South African Trade Unions nencwadi eqondiswe eZifundeni ze-ANC zaseNatali Emaphakathi neNyakatho Natali noNobhala be-South African Communist Party kanye naku-Congress of South African Trade Unions eNyakatho Natali ukuze lemibhalo iqopheke phansi:

UKUTHI LENGQUNGQUTHELA YE-COSATU ENATALI
IQAPHELA UKUTHI :

L uHulumeni waKwaZulu akayona ingxenye yoMkhandlu Wesikhathi Soguquko nokuthi sebekuzwakalise ngokucacileyo ukuthi ngeke bahlanganyele okhethweni

2 izisebenzi zikahulumeni nje jikelele zinokukhathazeka

ngezimpesheni zazo
IKHOLWA YIKUTHI

I uHulumeni waKwaZulu angakwenza futhi unokukwenza ukusebenzisa izimali zezimpesheni azisebenzisele ezinye izinjongo

2 izisebenzi zikahulumeni zinokukhathazeka okufaneleyo

INQUMA LAPHA

1. ukugunyaza izinyonyana zemikhakha yezisebenzi zikahulumeni ukuba zakhe ibutho elizohlahla indlela yomkhankaso oqinileyo wokulwa noHulumeni waKwaZulu.

ukuthuma uHulumeni waKwaZulu ukuba acace odabeni Iwezimpesheni.

) ukucela iKhomishani Yokhetho ukuba isilekelele ekugondiseni nasekuhlanganiseni imikhakha yenqubekela phambili ngaphakathi kuHulumeni waKwaZulu.

ukuthuma uMkhandlu Wesikhathi Soguquko wkuba wenze ngendlela ebonakayo umkhankaso wokhetho eNatali.

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, incwadi ye-Congress of South African Trade Unions yomhlaka-15 kuMashi 1994, ifundeka kanje:

Bo-Comrade Abathandekayo

Ukusukela eNgqungqutheleni ehlanganyelweyo yeSifunda ebingomhlaka-10 Mashi 1994, kuthathwe isinqumo sokuthi kudingeka ukuba sisebenze kanzima manje ukuze sishanele iQembu leNkatha Yenkululeko nezincelebana zalo ezifundazw

zethu. INgqungquthela yeSifunda ivumile ukuphikisana nakho konke obekwenziy yiQembu leNkatha Yenkululeko ngokumasha kuzozonke izindawo zethu lapho

kuthiwa khona abantu baseNatali bayaphikisana nohlelo Iwentando yeningi phakathi kwalo okubalwa ukhetho.

INgqungquthela ivumile ukuthi iqhinga lethu elisekela ukhetho kufanele lithathe isimo semashi enkulu ngomhlaka-25 Mashi 1994. INgqungquthela ibisithuma oNobhala ukuba basebenze kulendawo ngokushesha. Siphakamisa ukuba sihlangane ngokushesha ukuze sakhe uhlelo Iwalokho esizokwenza ukuze imashi yethu ikwazi ukugondiseka nokuhlanganiseka kahle.

Magqondana nesibhicongo sesitimela, i-COSATU ibuye yathi uNobhala we-COSATU, uNobhala we-ANC, i-South African Railways and Houbours Workers Union (SARHWU), noNobhala we-South African Communist Party kufanele basebenze indlela efanayo yokuthintana ne-Spoornet ngokukhuluma ngezinto zehlukeneyo ezisukela kuleyonhlekelele. I-COSATU ithuma i-Spoornet ukuba imise ikhomishani yomphakathi yophenyo kanti futhi zonke izinqumo zethu zinanyathiselwe kulombhalo.

Ngiyabonga

Owenu emzabalazweni

P.Ngcobo
UNobhala WeSifunda

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, sithathe izinqumo zokuma lapho simi khona ukuphikisana nesakhiwo sezwe sika-1993 ngoba uqugaba lwemibutho yethu yabalandeli lufuna ukuba sisichithe. Kukhona ukukhathazeka okubanzi kwabantu baKwaZulu ngokubuswa kwangomuso kwelaKwaZulu neNatali abalibona njengoMbuso wobukhosi baKwaZulu, okuyikukhathazeka osekwengeze kokunye ukukhathazeka okukhulu kwabanye abantu abaningi kakhulu bezinye izinhlanga.

Ngifuna ukukusho kucace ukuthi umlando waKwaZulu neNatali, umlando woMbuso wobukhosi baKwaZulu kanye nenkululeko yobukhosi beSizwe yalowombuso wobukhosi okwacindezelwa kwambozwa kepha okungazange kubhidlizwe, kwenza elaKwaZulu, elinomlando walo ogondene nalo, libe yindawo eyehlukileyo kweyaseBophuthatswana.

Kunabantu abaningi eSifundeni saKwaZulu neNatali abazophikisana nokhetho nokusebenza koMkhandlu Wesikhathi Soguquko. Amagunya ethu siwafumana kulababantu futhi yibo lababantu esibameleyo kuleNdlu, Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo.

Ngenza isixwayiso sokuthi nxa i-ANC ingase izame ukudala isimo esintengayo kuHulumeni waKwaZulu njengoba bedale isimo esintengayo eBophuthatswana

futhi nanjengoba besonge ukuthi bazodala isimo esintengayo e-Ciskel, kuzokhula

ukungqubuzana kwezinga elesabekayo okuyolimaza iNingizimu ne-Afrika nalolonke uhlelo Iwentando yeningi.

Mina njengoNdunankulu waKwaZulu nanjengoNdunakulu wendabuko weSilo Samabandla, iNgonyama yaMaZulu, ngithi ngeke sisemukele isakhiwo sezwe sika-1993 njengoba sibhaliwe njengamanje, futhi thina esikuloMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho, Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngeke sikwemukele ukuphogelelwa kwesakhiwo sezwe sika-1993 phezu kwethu. Kasizange sibe nesandla ekubhalweni kwaso, kasizange sibe nesandla ekusedluliseni ohlelweni IwePhalamende futhi kasizange sibe nesandla ekubhalweni nasekusungulweni kwezinhlelo zesikhathi soguquko.

Ngifuna ukukusho kucace ukuze kuqopheke phansi ukuthi loMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho owadalwa yisinyathelo sokuzabalaza thina bantu baKwaZulu esasithatha ngenkathi sitshenwa ukuthi uHlelo Lwawomaziphathe Babantu esasiluchitha ngezingxenye nangokuphelela kwalo luyophogelelwa phezu kwethu ngisho noma ngabe siyathanda noma kasithandi.

Isinyathelo sethu sokuzabalaza kwakungesokuguqula izinhlelo zawoMaziphathe Bezizwe kanye nabeZifunda kanye noMaziphathe waKwaZulu owabuye waba

nguMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho, sizenze izinkundla zomzabalazo wenkululeko. Samisa iNgonyama yethu ezakhiweni zoMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho njengeNgonyama ngokwesakhiwo. Ekwenzeni kwethu lokho sanikeza iSilo isikhundla esehlukileyo kwesaMakhosi aKwaZulu kusukela ngo-1910, ngaleyondlela sanikeza inothisi yokuthi iSilo kasiyona nje iNkosi enkulu njengoba uhlelo lokuphatha olwagalisa ukusebenza ngemuva kuka-1910 lwalusithatha kanjalo iSilo sethu.

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, kufanele kugoshwe phansi ukuthi umbono wethu ngowokuthi saphetha ngokunqotshwa ngamandla apheleleyo amabutho amaNgisi ngo1879 nokuthi ababusi bamakoloni nabakhuzi bamabutho amaNgisi bagembugembula umbuso wobukhosi bethu, bakhomba awabo amakhosi ukuze babhidlize uhlelo Iwethu lombusazwe bathumela ighawe eliyiNkosi yethu, iNkosi uCetshwayo kaMpande, ekudingisweni. Umphumela wokugcina wemizamo yokusibhidliza, kwaba yikusibumba ngendlela esingakaze siyibone ngemuva kokuba sibone ukucekelana phansi okwadalwa yikungqubuzana kukaZulu noZulu okwadaleka cisho njengento eyayingenakugwemeka ngemuva kokuba amaNgisi esebenzise kithi umgomo wawo wokusighekeza phakathi ukuze sibuseke kalula. Sesiphinde saba neshwa lokubona kuphindwa wona lowomgomo wokusighekeza phakathi nokusibusa ngokombusazwe manje osekube nomphumela wokufa kwezinkulungwane zaMaZulu kuleminyaka eyisishiyagalolunye edlule.

Sanqotshwa ngokwempi kepha kasikaze sicoboshiswe. Kasikaze neze sibudicilele phansi ubuZulu bethu futhi kasikaze siyidele inkululeko yethu yobukhosi besizwe njengamaZulu. Sabe sesihudulelwa eMthethweni weNyonyana ngaphandle ngisho nokuba sivume. Sahamba nawo umqondo wethu wokuthi singobani, ukuthi sivelaphi nokuthi sihlose ukuyaphi. Sabuye sahamba nayo inkululeko yethu yobukhosi beSizwe njengoZulu.

Kwathi nxa ubandlululo luzama ukusibhaxabula luphoqgelele phezu kwethu uzimele-geqe wombusazwe, sazabalaza sangamvuma lowozimele-gegqe ngoba thina njengesizwe salesisizukulwane sasicindezelwa yikuzinikela iNKkosi uCetshwayo eyayinakho ngokuxazululwa kwenkinga yaseNingizimu ne-Afrika ngokubonisana nezivumelwano. Ekucabangeni kweNkosi uCetshwayo nasendleleni eyayibona ngayo ikusasa, yayingaphezulu kakhulu kwawozakwabo nontanga yabo kangangoba indlela eyayibona ngayo isintu nomlando yayimtshena ukuthi kukhona iNingizimu ne-Afrika ne-Afrika eseNingizimu edalekayo.

INkosi uCetshwayo nawowonke amanye amaghawe angamaMakhosi ahamba ezinyathelweni zakhe awugcina uphila lomcabango wombuso wobukhosi baKwaZulu onenkululeko yobukhosi besizwe oyobamba ighaza ekwakhiweni kweNingizimu ne-Afrika yesimanje. INkosi uCetshwayo nalabo abahambe

ezinyathelweni zakhe kabakaze bacabange, ngisho noma bafikelwe ngumqondo

weNingizimu ne-Afrika engeke ibe nombuso wobukhosi baKwaZulu onenkululeko yobukhosi besizwe.

Ngakho ngiyakusho ukuze kuqopheke phansi Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ukuthi ukuchitha kwami isakhiwo sezwe sika-1993 nokuchitha kwami uMkhandlu Wesikhathi Soguquko nezinye izinhlelo zesikhathi soguquko kuyikuchitha lezizinto okunenkolelo eqinileyo yokuthi ngeke kubuye kuphinde kwenzeke futhi ukuba abantu baKwaZulu baqolwe bephucwe ilungelo lokuzilawula nelungelo labo lokuziqondisela bona ikusasa labo abamiselwe lona ngezehlo zezinsuku zanamhlanje.

Ngikusho ukuze kuqopheke phansi ukuthi kusukela ngenkathi leNdlu yemukela izinga lokuba nguMkhandlu Oshayumthetho, besisebenza ngezindlela zokuthula ukusungula izingxoxo zokubonisana ngenhloso yokugeda ubandlululo. Imibhalo okuqoshwe kuyo umlando woMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho iyolikhombisa izinga mina engibonisane ngalo nawohulumeni baseNingizimu ne-Afrika ngokulandelana kwabo ukuze kukhululwe umbusazwe wabantu abaMnyama ngokukhulula iziboshwa zombusazwe eziMnyama nokuvula izinhlangano eziMnyama zombusazwe ezazivaliwe. Umlando oqoshwe phansi uyokukhombisa futhi ukuthi lokhu kubonisana kwagcina ngokuba kube

yikubonisana ngezithiyo ezisendleleni yekhambi okubonisenwe ngalo lokuxazulula izinkinga zeNingizimu ne-Afrika.

Imilando yaloMkhandlu, Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, izokhombisa ukuthi umsebenzi owenziwayo kwaba yikomidi elihlanganyelweyo laKwaZulu noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika elalihlola izithiyo ezisendleni yokubonisana kanye nokugcizelela kwami ukuba uHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ahlangane nabobonke abaholi bezifunda ezizibusayo bendawonye, hhayi ukuhlangana nabo ngamunye ngamunye endleleni esaghuba umgomo wokusiqghekaza phakathi ukuze sibuseke kalula. Kwaba yilokho kucindezela kwami okwaholela ekusungulweni kochungechunge lwemihlangano yeNgqungquthela yabaholi bombusazwe neSigungu sikaHulumeni waseNingizimu ne-Afrika.

Kuze kufinyelele futhi kuhlanganise nesikhathi seKomidi Lokuhlela elamisa i-CODESA I, elaKwaZulu njengelaKwaZulu, lalihlanganyela ngokugcweleyo ohlelweni lokuhlanganisa izingxoxo zokubonisana ngeNingizimu ne-Afrika entsha. Labe selehla izembe, elaKwaZulu lashiywa ngaphandle ku-CODESA I ngokushendezana kukaHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ne-ANC. Umlando walokho kudayiswa kwelaKwaZulu sewafundwa waqoshwa phansi emlandweni

waleNdlu, Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngakho ngeke ngingene emininingwaneni yalokho manje.

Engikuphawulayo yikuthi kubekhona umzamo ophikelelayo owenziwe yiQembu lamaNeshinali ne-ANC wokubhidliza elaKwaZulu ngokupheleleyo nokwehlisa izinga leSilo lenziwe elomunye nje "umbusi wendabuko"

Imibhalo eqoshwe phansi yoMkhandlu Wokubonisana naso 1sakhiwo sezwe sika-1995 uqobo lwaso kuyakombisa ukuthi okwakulindeleke ukuba kwenzeke kwelaKwaZulu neNatali nxa isakhiwo sezwe sesidluliswe ePhalamende ngoDisemba yikuba lesiSifunda sifane nazozonke ezinye izifunda ezingenayo iNgonyama. Emibhalweni eqoshwe phansi yoMkhandlu Wokubonisana kuzobonakala ukuthi izethulo ze-ANC neQembu lamaNeshinali neKomidi Elincane Lokusebenza eliqondene nezindaza zesakhiwo zazihlelwe ngendlela

yokuba kubhidlizwe uMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho nombuso wobukhosi baKwaZulu uncishwe ithuba lokubakhona.

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, kasizange neze sibe nesandla ekubhalweni kwesakhiwo sezwe sika-1993 futhi kasinaso nesincane nje isibopho sokwemukela ukulawulwa yiso nokubusa kwaso phezu kwethu. Kasinaso nakancane nje isibopho ngokomoya nangokombusazwe sokwemu! :lc uhlelo lokuguqukela entandweni yeningi njengoba kuhlelwe ngaphansi kwesakhiwo sika-

1993 njengoba sichitshelwe nxa sesiqala ukusebenza ngomhlaka-27 ku-Aprili 1994.

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphikileyo, kufanele ngiyifunde ukuze iqopheke phansi imininingwane yephutha elesabekayc esalenzayo ngokuhlaia

siyingxenye yohlelo lokubonisana nokuba izwi lethu lizwakale njengoHulumeni waKwaZulu.

Imibhalo eqoshwe phansi isivele iyakukhombisa ukuthi sikwenze kanjani lokho kwaze kwaphela ulJuni 1993, lemibhalo eqoshwe phansi kulomhlangano ophuthumayo waloMkhandlu owawungo-Okthoba ka-1993 iyawughuba umlando ogoshwe phansi iwuse phambili. Kumqoka ukuba nxa sekwenziwa ukucubungula kokugcina kwalokho okwenzeka ngale ngemuva lapho kungaboni muntu khona ukudala lokhu osekwenzeka manje, nalokho okuzokwenzeka, ukuba imibhalo eqopha konke lokhu lokhu ibekhona ukuze abantu bazifundele yona. Ngakho, Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, sengiguqukela ekufundeni ukuze kuqoshwe phansi imizamo yethu ezingxoxweni zckubonisana nokuqondisa lokho okuyiphutha elesabekayo elisesakhiweni sika-1993.

â\200\224

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngeke libekhona ithuba lokuziqonda ngokupheleleyo izehlo zombusazwe ezisombuluke eNingizimu ne-. Afrika kuleminyaka emine edlule, kanye nalokho okulindeleke ukuba kwenzeke emlandweni wethu okuzoqopha okuyiyona ndlela kuphela esahlalele isizwe sethu, ngaphandle kokuba siyiqonde ngokupheleleyo imibandela yempikiswano yesakhiwo sezwe.

Magondana nalokhu kwenzeka into engajwayelekile eNingizimu ne-Afrika. Ezweni lakithi ukwedlula amanye amazwe amaningi engaziyo ngawo, impikiswano yombusazwe mnokugqolozelana kombusazwe kwaguquka kwaba yimpikiswano yesakhiwo sezwe kwabuye kwaba yikubonisana okunqala ngemibandela, isimo nezinjongo zesakhiwo sangomuso. Umzabalazo wesakhiwo waphenduka ingqikithi yomzabalazo wombusazwe phakathi kweQembu leNkatha, umbimbi Iwe-ANC/SACP neQembu lamaNeshinali ngakho ukubonisana ngesakhiwo sekuphenduke inkundla ephambili yokuzwana amandla kwezombusazwe.

Kufanele ngikwemukele ukuthi iQembu leNkatha Yenkululeko yilo elibe nesandla esikhulu ekuhlelweni kwaloluhlobo lombusazwe eNingizimu ne-Afrika. Nginokuzighenya ukufumana namhlanje ukuthi iQembu leNkatha Yenkululeko belithunywa yilokho engingakubiza kuphela "ngenkolelo esakhiweni sezwe". Sibe

nenkolelo ekutheni isakhiwo sezwe singumbhalo omqoka noyisisekelo, hhayi nje - isigeshana sephepha. Sinenkolelo epheleleyo ekusebenzeni komthetho nasohlelweni lwesakhiwo njengokuphela kwezinto zokuxazulula ukungaboni ngasolinye kwezombusazwe. Kwaba yinkolelo yethu esakhiweni sezwe okwasenza sakholelwa ekubalulekeni kwesakhiwo ekuvikeleni inkululeko nokukhululeka kwabobonke abantu ngokweziqu zabo kanye nemikhakha yenhlalo yomphakathi namasiko e-Afrika eseNingizimu.

Yilenkolelo yethu esakhiweni esenze sangakwazi ukwemukela isakhiwo esanamaphutha, futhi kasizange sikwazi ukukholwa yikuthi leyonkululeko nalokho kukhululeka kungavikelwa nganoma iyiphi enye indlela ngaphandle kwesakhiwo sokugcina esingenalo ithuba lokuba namaphutha. Manje simi sithe ngqi ngemuva kwenkolelo yethu esakhiweni eqiniswe yikuhlolwa ezingxoxweni zokubonisana lapho sibhekane khona nobuso obubi balabo abangakholelwayo enkululekweni nasekukhululekeni kwesakhiwo. ;

Eqinisweni, zibe ziningi izikhathi lapho ababephikisana nathi ohlelweni lokubonisana besinunusele khona ngezithembiso zombusazwe zokuthi bazoyiqinisa inkululeko nokukhululeka kwethu futhi kunezikhathi eziningi lapho

safuna khona ukuba lezozithembiso ziguqulwe zenziwe iziginiseko eziginileyo

â\200\224

nezingenakuguquka zesakhiwo. Kepha sabhekana nobonda lwetshe elingangenekiyo.

Kepha ngeshwa, inkolelo yethu esakhiweni yadaia kulabo esasibhekene nabo lokho engingakubiza ngovalo Iwesakhiwo. Eqinisweni kwathi nxa sekufika ezinhlangothini ezibucayi zempilo yethu yombusazwe neyenhlalo yomphakathi yangomuso, umbimbi Iwe-ANC/South African Communist Party lwaba nokuwesaba amandla esakhiwo sempela ngaphezu kombusazwe wamagembu. Babanokwesaba nje noma yiluphi nje uhlobo lokuvikelwa nokugxiliswa kwenkululeko nokukhululeka okwakungenalo ithuba lokuba kubuye kususwe ngemuva kokhetho nguMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo ngokunquma ngeningi lezingxenye ezingama-50 okwengezwe kuzo ingxenye eyodwa. Babanovalo Iwamandla esakhiwo ukuvimbela ukuhlwithwa kwamandla imikhakha yonya neyondlovukayiphendulwa abasebenzela phezu kwesisekelo sokubusa kweningi kuphela.

Lomlando umqoka ukuze siqonde izindaba ezimbili eziyingqikithi ezazilawula impikiswano yesakhiwo: Udaba lohlobo lombuso, oluqondene nokuthi ngabe iNingizimu ne-Afrika izohlelwa njengohulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula yini noma gha, kanye nodaba lohlelo ukuthi isakhiwo sezwe esibhalwa ngaphambi kokhetho kufanele kube ngesokugcina yini noma qha noma kufanele sibuye sibhalwe kabusha njengokuthanda koMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo.

Kulezizindaba ezimbili eziyinggikithi, umbimbi Iwe-ANC/South African Communist Party neQembu lamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika benza izixegiselo ezincane noma izixegiselo ezingasho Ilutho. Lokhu kungabonakala ngokusobala ngokughathanisa isakhiwo esemukelwa sachitshelwa ngokulawula koMbhalo Oqopha Ukuvumelana Kwemiqondo. isinqumo somhlaka-30 Juni 1993 soMkhandlu Wokubonisana kanye futhi nohlaka lokuqala ngqa lwesakhiwo olwabhalwa yiKomidi Lokusebenza. Kakukho nqubekela-phambili eyenziweyo noma izixegiselo ezitheni ngalezizindaba ezimbili ezibucayi. Ngakolunye uhlangothi, maqondana nalezizindaba ezimbili eziyinggikithi, iQembu

leNkatha Yenkululeko noHulumeni waKwaZulu benza izixegiselo eziyingqikithi ukuze kubekhona ukuhlangabezana phakathi kwezindawo abemi kuzo nalezo okumi kuzo labo abaphikisana nabo. Umlando oqoshwe phansi ukucacisa ngokusobala, ukuthi senza konke okunokucatshangwa njengokubonelela ukuze sifeze ikhambi elihlanganisa yonke imikhakha kepha sahlangabezana nezintamo ezilukhuni ngokupheleleyo kulabo esasibhekene nabo ngodaba oluyisisekelo

lohlobo lombuso kanye nohlelo olugondene noMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo.

Lezizindaba zombili ngizikhipha eceleni ngoba yizo ezingumphetho owawuhlanganise ingubo yohlelo lokubhalwa kwesakhiwo sezwe. Zikhona, nokho, ezinye izindaba eziningi ezisenza sehluke ombimbini lwe-ANC/SACP ezifana nodaba lohwebo olukhululekileyo Iwezimakethe, ukuguqulwa kwemisebenzi esingethwe ngumbuso isingathwe yimikhakha ezimeleyo, ukwemukela ukubakhona kwemikhakha eyehlukeneyo yomphakathi namasiko, ighaza elilinganisiweyo likahulumeni, uhlobo lukahulumeni ukubaluleka nokuphelela komphakathi wezakhamizi, ighaza lamagembu ombusazwe kuhulumeni kanye neqhaza leNkantolo yeSakhiwo. Kufanele ngikugcizelele ukuthi umlando oqoshwe phansi ukucacisa kahle ukuthi ngisho nakulezi ezinye izindaba sazama nakhona ukudala ukuhlangabezana phakathi kwendawo esimi kuyo naleyo okumi kuyo labo esasibhekene nabo emzameni oghubekayo wokuhlangÂ»* >zana. Nakuzo lezizindaba kasizange sikufumane ukuxegiselwa noma safumana ezimbalwa kulabo esasibhekene nabo sasala nemiphumela eyayingemukeleki ngokupheleleyo kithi.

Mhlonishwa Somlomo, umphumela onamaphutha nonyanyekayo wobhlelo lokubonisana wabuye waba ngumphumela wokuhlangana kwemikhakha emibili okwavumela ukuba umbimbi Iwe-ANC/SACP neQembu lamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu waKwaZulu ne-Afrika balulawule lonke uhlelo Iwezingxoxo zokubonisana, sekuhlangene nalokho olukuquketheyo. Lokhu kuhlangana kwemikhakha emibili kwasifuqela ngaphandle kohlelo e-World Trade Centre futhi kakwaze kwelashwa ngisho nayikubonisana okwenzeka ngemuva kokuphuma kwethu ngomhlaka-2 kuJulayi 1993. Sazama ukukubhidliza lokhu kuhlangana kwemikhakha emibili sisebenzisa zonke izindlela zentando yeningi esasinethuba lokuzisebenzisa : Nokuphikisa kwethu, ukusebenzisa amasu okuthiya ngokubambezela, ukuphosela umcabango wokuvumelana kwemigondo okweneleyo inselelo yezinkantolo nanoma yikuphi okunye ukucindezela kombusazwe wentando yeningi esasinokuwusebenzisa phezu kwalabo esiphikisana nabo.

Ukuphuma kwethu ezingxoxweni ngomhlaka-2 kuJulayi 1993 kwakungumphumela onganakugwemeka wemidiyo eqinileyo umbimbi Iwe-

ANC/South African Communist Party neQembu lamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika abebeyibekele ukubonisana ngokuthathwa kwesinqumo somhiaka-30 kuJuni 1993 soMkhandlu Wokubonisana. Lesisinqumo sasilushiya ngaphandle uhlelo lombuso owodwa onezifunda ezinamandla okuzilawula sagxilisa umqondo woMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo.

Leso sinqumo sasiqukethe imibandela eyinggikithi eyayithuma iKomidi Lokusebenza eligondene nokubhalwa kwesakhiwo. Kwacaca emazwini alesisinqumo ukuthi kwakuhloswe ngaso ukugxilisa uhlelo lokushiya ngaphandle uhlelo lombuso owodwa onezifunda ezinamandla okuzilawula, kanye nomqondo wesakhiwo sesikhashana kunokuba kubhalwe isakhiwo sokugcina.

Maqondana nalokhu, Mhlonishwa Somlomo, ngifisa ukufunda ukuze kugopheke phansi iNcwadi-sethulo esayemukela ivela kubeluleki bethu ngezindaba zesakhiwo bephawula ngesinqumo somhlaka-30 kuJuni:

Ukufundwa ngokungachemi kweSinqumo esithathwe nguMkhandlu Wokubonisana izola kunethuba lalemiphumela elandelayo njengodaba lomthetho wesakhiwo.

1, IKomidi Lokusebenza lithunywa ukuba libhale uhlaka lwesakhiwo

sesikhashana lombuso wesifunda ngendlela elishiya ngaphandle ithuba lohlelo lombuso owodwa onezifunda ezinamandla okuzilawula.

2. Kakukho siginiseko sokuthi izifunda ziyosungubyva nganoma Yisiphi isikhathi ngesikhathi soguquko.

3. Kakukho okuhlinzeka ukuqhubeka kwalezizakhiwo ezikhona njengamanje (imibuso yase-Transkei, Bophuthatswana, Venda nase-Ciskei kanye nezifunda ezizibusayo) kuze kube yilesosikhathi lapho kusungulwa khona izifunda ezintsha, ngaleyondlela kwemukelwe ithuba lokuba lezizakhiwo ezikhona njengamanje zihlanganiswe kabusha nezifundazwe ezintsha,

4. Izifunda zichazwa njengezifunda zesikhashana esikhathini soguquko ngakho lokhu kuhambisana nemibandela yomthetho yamandla alinganisiweyo nezinhlelo zokugondanisa ukusebenza kwamandla phakathi kwamazinga kahulumeni kazwelonke nawezifunda okwemukela amandla kahulumeni omkhulu okuthatha

izinqumo phezu kwezinqumo zezifunda.

Kakukho lapho kuhlinzekwa khona ukwemukebsva kwezakhiwo zezifunda.

6. Uhlelo loguquko olunezigaba ezimbili lugxiliswa luhambisane nomgqondo woMkhandlu Wesikhashana Wokubhala [sakhiwo

okuyiwoa onikezwe igunya lokuzibonela ekubhaleni

isakhiwo sezwe, ngokulandela imigomo ebanzi yesakhiwo.

4 Kuyobakhona ithuba lejubane lesakhiwo, lenqubo ejwayelekileyo nelomthetho lokuchitha isakhiwo sesikhashana ngenxa yombandela wokuxazulula izimo zakwanggingetshe ukuze kuchitshelwe isakhiwo sesikhashana. Ekucubunguleni kokugcina lokhu kungase kuholele ekubeni isakhiwo sesikhashana sikwazi ukwemukelwa ngeningi lezingxenye ezingama-51 ekhulwini.

Indawo esasimi kuyo thina sasithi isakhiwo sesikhashana kufanele

sibe nenqubo ejwayelekileyo yokuchitshelwa njengazozonke ezinye izakhiwo zesimanje,

8. Phezu komlando womgondo odalwe ezingxoxweni zokubonisana kuze kubeyimanje, uhlelo lomthetho ovikela amalungelo esintu ngeke luphelele ngenxa yokuba amalungelo esintu acaciswe

esinqumeni njengamalungelo esikhasana.

9. Labo abahlanganyela ezingxoxweni bayobanethuba lokuphosela lemiphumela inselelo kuphela nxa uhlaka lokugcina lwesakhiwo sesikhashana selwethulwa eKomidini Lokusebenza. Ngaphambi kwalesosikhathi abahlanganyela ezingxoxweni bangethula iziphakamiso nje eKomidini Lokusebenza ezingaba nethuba lokuchithana zodwa.

000

Izehlo zangomuso zakufakazela ukuthi lokhu kucubungula kwakucubungula ngokuyikho. Kepha ngaleyonkathi sathatha indlela yomqgondo ovulekileyo sasho ukuthi sizolindela sibone ukuthi uhlaka lokuqala lwesakhiwo lunjani ukuze sinqume ukuthi iKomidi LokusÃ©benza likuhumushe kanjani lokho elalikuthunyiwe. Nxa kubukwa ngaphezulu nje, kwacaca kithi ukuthi iKomidi Lokusebenza lalithunywe ukuba lisebenzele ngaphandle kwemidiyo yesakhiwo sokugcina neyokusungula uhlelo lombusu owodwa onezifunda ezinamandla okuzilawula, kepha uHulumeni waseNingizimu ne-Afrika neQembu lamaNeshinali basinikeza isigiseko sokuthi sisephutheni maqondana nalokhu.

Ngakho sayishiya iNkundla Yezingxoxo Zokubonisana sisho ukuthi siyobuya nxa sekwethulwe uhlaka Iwesakhiwo sesinethuba lokunikeza isisekelo sekhambi elthlanganisa yonke imikhakha.

Mhionishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngifisa ukunifundela ukuze kugopheke phansi iSitatimende esethulwa nguMnu. V.J. Matthews, owayehola izithunywa zeQembu leNkatha Yenkululeko emhlanganweni womhlaka -2 Julayi eNkundleni Yokubonisana, kanye neSitatimende esakhishwa yiQembu leNkatha Yenkululeko ngalo lolosuku ngemuva kokuba izithunywa zeQembu leNkatha Yenkululeko seziphumile emhlanganweni.

ISITATIMENDE SEQEMBU LENKATHA YENKULULEKQ ENKUNDLENI YEZINGX0XO0 ZOKUBONISANA.

JULAYI 2, 1993

Mphathi Sihlalo, njengoba sibheka isincomo soMkhandlu Wokubonisana osenze eNkundleni Yokubonisana, kufanele siyicacise indawo okumi kuyo iQembu leNkatha Yenkululeko ohlelweni lokubonisana maqondana nalokho esingakwemukela nalokho esingeke sakwemukela. Kulokhu sisebenzela phezu kwegunya elicacileyo lombutho wethu wabalandeli lokuba siginiscke

ngokusungulwa kohlelo lombuso owodwa onezifunda ezinamandla okuzilawula nokulondolozwa komphakathi owemukela ukwehlukana kwemikhakha yomphakathi. Kakuwona umbutho wabalardeli bethu kuphela nje kepha yiningi labantu baseNingizimu ne-Afrika abalindele ukuba sibonisane ngokusungulwa kombuso owodwa onezifunda ezinamandla okuzilawula ngaphambi kokhetho kanye nangaphambi kokunikezwa kukahulumeni omusha amandla okusebenza. Siwuchithile umcabango wokwelula isikhathi sokubonisana ngesakhiwo oguqukweni olungalungile lwezigaba ezimbili oluhlelelwe ukuhlinzeka ithuba lokusebenza koMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo okhethiweyo nethuba likahulumeni wobunye besizwe noma uhlelo lokushiyelana amandla.

Siyazi ukuthi iningi elikhulu labantu baseNingizimu ne-Afrika bafuna loluguquko ukuba iuphethwe ngokushesha ngokungenzeka ngakho kasikaze sisibone isidingo sokuba singabi naso isakhiwo sokugcina nesohlelo lukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula ekupheleni kuka-1994 ngokuba kubanjwe ukhetho ngaphansi kwemibandela yalesosakhiwo.

Siyazi ukuthi izinqumo zethu zokugcina esimi kuzo dyizinqumo zokuthula nokunethezeka ezweni lakithi esikhathini esinzima kunazozonke zomlando walo.

â\200\224

Sithe sifuna ukuba kusheshe kunqunywe uhlobo lombuso ukuze kube nesiqiniseko sokuthi kuyosungulwa uhlelo lukahulumeni owodwa cnezfunda ezinamandla okuzilawula ezinesisekelo Sohlelo oluginisa amandla asalayo ayokwabelwa imibuso engamalungu nolwabela uhulumeni omkhulu amandla phewu kwesisekelo somgondo wamandla asalayo. Sifune nokuba imigomo yesakhiwo igxilise umqondo wokwemukela ukwehlukana kwemikhakha yomphakathi enhlaiweni yomphakathi, amasiko nakwezomnotho ngaphezu kokuvikelwa kokwehlukana komkhakha womphakathi ngokombusazwe.

Kulezizinyanga ezimbili ezedlule uhlelo Iwezingxoxo zokubonisana beluqukethe ikakhulukazi impi yokubanga umqondo wamazwi. Sitskenwe ngabanye ababambisene ezingxoxweni zokubonisana ukuthi ithuba lohlelo lukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula kalikagedwa yilesisigaba esesikuso sokubonisana. Satshenwa ukuthi kukhona ithuba lokuba izfunda zisungulwe ngaphambili, noma ngesikhathi sokhetho ngaphansi kwezakhiwo ezigondenenazo izifunda, ezizinqumele zona ngokuzimela. Sitshenwe ukuthi ukhetho luyokwenziwa nakanjani naphakathi kwemidiyo eyaziwayo nepheleleyo yesakhiwo sezwe. Sitshenwe ukuthi uhulumeni omusha uyogunyazwa ngamandla ngaphansi kwesakhiwo sokugcina esingeke sikwazi ukuchitshelwa yiningi lezingxenye ezingama-51 ekhulwini ngisho noma ngabe kuphansi kwaziphi izimo.

Naphezu kwalezizikhali, besingakakufumani ukuzinikela okugqinileyo ohlelweni oluyoginiseka ngokufezwa kwalemiphumela yesakhiwo. UMkhandlu ulokhu uphumelele nokusicubungula ngokigcweleyo isiphakamiso sethu sokuba kusungulwe uhlelo likahulumeni oyedwa onamandla okuzilawula. Kasikazifumani iziginiseko zokuthi izakhiwo zezifunda ziyovunyelwa nokuthi isakhiwo soMbuso waKwaZulu neNatali, nje , sizokwemukelwa sihlanganiswe nohlelo.

Kasikafumani ukuzinikela ukuthi uhulumeni omusha ngeke agunyazwe ngamandla embusweni owodwa ohlangeneyo, naphew kwanoma yini enokubhalwa esakhiweni sesikhashana. Kasikafumani. siginiseko sokuthi izifunda ezizibusayo nemibuso yase-Transkei, Bophuthatswana, Venda nase-Ciskei ngeke ibuye ihlanganiswe ngaphakathi kwemidiyo yezifundazwe ezine ezikhona njengamanje. Kasikafumani siginiseko sokuthi isakhiwo esizayo seNingizimu ne-Afrika siyoba nezinga nokukholakala kwesakhiwo esithuthukiswe ngokugcweleyo, esipheleleyo esinokulawulwa yiziNkantolo, esikhombisa ukuhlangabezana okuphilayo kombusazwe phakathi kwawowonke amaqembu ahlanganyela kuloluhlelo.

â\200\224_

Ngakolunye uhlangothi sibona uphawu olucacileyo lokuthi ukukholakala neghaza lomlando lakulesisakhiwo kuyonyundelwa izinhlelo zokuxazulula isimo sakwanggingetshe nenqubo eyovumela uMkhandlu Wesikhashana Wokubkala Isakhiwo ukuba uchithe noma yini esiyibhale esakhiweni esizayo.

Ngakho, sesinqume ukuthatha indawo yokuthi kasisakwazi ukuhlanganyela kulamatulo okusebenzisa umqondo wamazwi kuze kubekhona indlela ecacileyo yokugonda ukuthi sikhuluma ngani. Kuyinto ejwayelekileyo ukuba ukukhathazeka kwethu kungaqoshwa phansi emibhalweni ekhishwa yuhlelo ngenkathi sitshenwa ngomlomo ukuthi ulimi olusetshenziswe kuleyomibhalo luyohlinzeka amakhambi okukhathazeka kwethu.

Kasizange sinikele ngezinqumo zalokho esikufunayo okuyizingumo zokuthula, inkululeko nentando yeningi ezweni lakithi futhi okuyizinto ezZifunwa yiningi elikhulu labantu baseNingizimu ne-Afrika. Sithathe indawo yokuthi kasisazimisele ngokunikeza okwethu ukuvumelana kwemiqondo nokunikeza loluhlelo ukwemukeleka emthethweni kuze kube sekukhona ukucaciswa kwesimo. Namhlanje kasizimisele ngokucubungula izincomo ezithunyelwe eNkundleni Yokubonisana eziphambi kwethu ngoba kasazi ngempela ukuthi zsho ukuthini nokuthi zingafezwa kanjani. Kithi lolulimi lungasho yonke into JSuthi luphikisane nayoyonke into.

Esikufisayo nje yikuba sisekele lokho okuthunywe iKomidi Elincane ukuba lisethulele uhlaka lwesakhiwo esilindele ukuba sibe yisakhiwo sikahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula olubhalelwe phezwu kwesisekelo somqor.do wohlelo lukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula okungumgqondo esiwuzwakalise kulesisigaba esikhona njengamanje sokubonisana naseminyakeni engama-20 edlule. Lesisakhiwo siyosungula uhulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula ngaphambi, noma esikhathini, sokugunyazwa ngamandla kukahulumeni ozayo. Ngaphambi kokuba kubekhona ukucaca ngesakhiwo esizayo, nangokusebenzisa sona, ukucaca ngezinqumo zempela ezigondene nohlobo lombuso nohlelo loguquko, kasikwazi ukuvumelana nanoma Yisiphi isinqumo esigondene nokubanjwa kokhetho, sekuhlangene nosuku lokhetho, ukusungulwa komMkhandlu Wesikhathi Soguquko, iKhomishani Ezimeleyo Yokhetho, iKhomishani

Ezimeleyo Yezinhlelo Zokusakaza Izindaba kanye neSigungu Esizimeleyo Sokusakaza.

Ngakho sinikeza inothisi lapha ukuthi iQembu leNkatha Yenkululeko lizohlehlela emuva ohlelweni lokubonisana kuze kube ngaleyonkathi lapho iKomidi Lokusebenza selethule khona uhlaka Ilwesakhiwo. Nxa lolohlaka

lwesakhiwo selethuliwe, siyobe sesisukela lapho sighubeke nokuhlanganyela kwethu ezingxoxweni zokubonisana.

Okwamanje, sinikeza inothisi yokuthi kasivumelani, Sfuthi siphikisa nanoma yisiphi isinqumo esithathiweyo ngaphansl kwaloluhlelo ngaphambi kokuba kubekhona ukucaca okupheleleyo magondana nohlobo lombuso kanye nesimo somphakathi wethu wangomuso sekuhlangene nohlobo lohlelo loguquko. Sinikeza inothisi yokuthi ngalokhu siphosela inselelo noma yisiphi isinqumo seSihlalo sokuthi kukhona ukuvumelana kwemiqondo okweneleyo naphezu kokungavumi nokuphikisa kwethu. Sikuthatha njengento eyisidingo esimqoka ukuba kusungulwe uhlobo lukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula njengoba siwuchazile nokuthi ngaphambi kokuba sibenokhetho nohulumeni omusha kubekhona isakhiwo esikholakalayo nesiginileyo esesisebenza esiyokhombisa ukuhlangabezana okuphilayo kwezombusazwe.

Phezu kwalomlando, kasicabangi ukuthi ukuhlanganyela kwethu kulemihlangano kusebenzela izidingo ezinhle kunazozonke zeNingizmu ne-Afrika ngakho sisayidicilela phansi leNkundla okwalesisikhathi ngenhloso yokuba sibuye singene ezingxoxweni zokubonisana nxa sekwethulwe uhlaka Iwesakhiwo. Kuyakuma ukuthi sithatha noma yisiphi isinqumo esithathwe naphewu kokwenqaba kwethu noma esithathwa singekho njengesinqumc esingekho emthethweni ngokupheleleyo nesingenawo amandla ayisibopho phezu kwethu noma phezu kwabantu baseNingizimu ne-Afrika.

000

Mhlonishwa Somlomo, ngikugcizelele kwezinye izikhathi kuleNdlu ukuthi iQembu leNkatha Yenkululeko noHulumeni waKwaZulu ukuthi kabakaze babonisane ngendlela eqine nebanzi njengoba benze kusukela bephume ezingxoxweni zokubonisana ngomhlaka-2 kuJulayi 1993. Kusukela ekupheleni kukaJulayi kuze kube sekubhidlikeni kokugcina kokubonisana phakathi kukaFebhuwali kulonyaka, iQembu leNkatha Yenkululeko noHulumeni waKwaZulu babe sesingxoxweni zokubonisana ezigine kakhulu nombimbi iwe-ANC/South African Communist Party neQembu lamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika.

Kuloluhlelo lwezingxoxo zokubonisana, sizame ngawowonke amandla ethu ukufumana ikhambi elihlanganisa yonke imikhakha futhi sinalenjongo saghubeka nokunciphisa izimfuno zethu zesakhiwo sanquma nezigaba eziyingqikithi nezidingo zethu zesakhiwo. Besizimisele ngokuthungatha ikhambi lokuthula nelihlanganisa yonke imikhakha ngokusebenzisa uhlelo lwezingxoxo zokubonisa kangangoba siphethe sesikusho ukuthi sizimisele ngokwenza izixegiselo

ezindabeni eziningi ebesivamise ukusho ukuthi kakunakuboniswana ngazo. Sabambelela sagina enkolelweni yethu esakhiweni kepha sakwemukela ukuthi kuyadingeka ukuhlangabezana ukuze kube nesiginiseko sekhambi lokuthula.

Mhlonishwa Somlomo, ngifisa ukuthatha leNdlu ngihambe nayo uhambo olude Iwalezingxoxo zokubonisana ngesakhiwo, ngibeke imininigwane yokuthi siye kanjani sisondela kulabo esiphikisana nabo ukuguqula indawo esimi kuzo sinciphise izimfuno zethu, semukele izinto ezazingemukeleki njengesisekelo kithi nokuthungatha zonke izindlela namasu okufumana ukubuyisana nokuhlangabezana. Ngingafunga ngobungcwele bokuhlonipheka kwami ngisho ukuthi kakukho esingazange sikuzame. Kepha lokhu sakwenza ngaphandle kokuba sidicilele phansi noma yisiphi ezimisweni eziyisisekelo senkolelo yethu esakhiweni nasekuvikelweni kwenkululeko nokukhululeka kwabobonke abantu. Ngeshwa, imizamo yethu kakuzange kuhlangatshezwane nayo nanoma yimuphi umzamo wokubuyisana nokuhlangabezana ngasohlangothi lwalabo esiphikisana nabo. Ukucacisa kwami kuzokhombisa ukuthi umlando oqoshwe phansi ucacile kuleliphuzu.

Ngagqalisa ngoJulayi ka-1993 ngenkathi iKomidi Lokusebenza likhipha ezinye zeZahluko zohlaka lokuqala lwesakhiwo sezwe. Saphendula ngombhalo owawucacisa izinjongo zethu ekubonisaneni ngenkathi semukela ukusebenza ngaphakathi kwemidiyo yohlaka IweKomidi Lokusebenza, olwalubhalwe ngolimi nangomqondo wombusazwe owawunokugqubuzana engekho indlela yokukwenza kuzwane nowethu umbono. Mhlonishwa Somlomo, ngifisa ukufunda ukuze kuqopheke phansi lombhalo owasetshenziswa ekuvulweni kwezingxoxo eziphakathi kwemikhakha emibili neQembu IlamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika:

IZINJONGO ZETHU EZINGXOXWENI ZOKUBONISANA

A INDLUZULA

Kasisakwazi ukughubeka nokubonisana ngenkathi amalungu nezikhulu zenhlangano yethu bebulawa ngohlelo olulungisiweyo lokubulala izindimbane zamalungu elinye iqembu. Ukwesabisana nendluzula kuvimbela amandla ethu okusebenza njengenhlangano yombusazwe kuze kuyothinta ngisho nezimpawu ezimgoka zokusebenza kwangaphakathi ezifana nezinketho zangaphakathi zeQembu leNkatha Yenkululeko. =˜ UMkhonto Wesizwe kufanele uhlakazwe nombimbi lwe-ANC/South African Communist Party kufanele lwenziwe luchaze ngezenzo zoMkhonto Wesizwe.

INDAWO OKUMI KUYO IQEMBU LENKATHA YENKUL ULEKO
EZINGXOXWENI ZOKUBONISANA

1Qembu leNkatha Yenkululeko kalikwazi ukwemukela wkuthi umbimbi Iwe-ANC/South African Communist Party neQembu lamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika bangagunyazwa ngamandla okuzihambela bodwa ekuthatheni izinqumo eziyisisekelo ngekusasa lezwe lakithi. Kufanele kuvurywe ukuthi noma Yisiphi isinqumo esiyinggqikithi singathathwa kuphela ngokuhlanganyela kweQembu leNkatha Yenkululeko kulesosingumo.

IQembu leNkatha Yenkululeko kalikwazi ukwemukela ukumiswa kosuku lokhetho ngaphambi kokuba kubekhona ukuvumelana ngohlobo

lombuso, isakhiwo sokugcina kanye nohlelo oluzosetshenziswa ukudala lesosakhiwo, oluhambisana nohlelo lwesikhathi. Sasemukela iSimemezelo Senhloso ngemuva kuphela kokuba sekwemukelwe izichibelo esasicele ukuba zenziwe ohlakeni lokugaia, okuyisichibelo esenza ukuba usuku lokhetho lweyame ekwenziweni kwengqubekela phambili eyeneleyo ezingxoxweni zokubonisana ngesakhiwo, ezihlanganisa uhlobo lombuso nokuqedwa kwendluzula. Siyasichitha isinqumo soMkhandlu Wokubonisana esisekelwa yumbimbi hw2-ANC/South African Communist

Party kanye neQembu lamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika esiphakamisa i-South African Communist Party ehumusha ngayo izichibelo esasicele ukuba zenziwe esingumeni sokugala i-South African Communist Party engazifundiyo njengombandela wokumiswa kosuku

lokhetho kepha njengombandela ogondene nakho ugobo ubanjwa kokhetho.

IZINDABA ZESAKHIWO SEZWE

1Qembu leNkatha Yenkululeko lifuna ukuba iNingizimu ne-Afrika entsha ihlelwe njengohulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula lapho wonke amandla asalayo eyoshiyelwa - - njengamandla okuqala - - ezandleni zemibuso engamalungu nakuhulumeni ongumpheme wezifunda okuyokwabiwa kuphela lawomandla angakwaziyo ukusetshenziswa ngokuyikho noma ngokweneleyo ezingeni lesifunda ngesisekelo somqondo wokusebenza kwamandla asalayo. Ngaleyondlela, iQembu leNkatha Yenkululeko kalikwazi ukwemukela noma yimuphi umgomo wesakhiwo sezwe oyothiya ukusungulwa kukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula njengoba sekushiwo.

IQembu leNkatha Yenkululeko lifuna ukuba ukhetho nokugunyazwa kukahulumeni omusha ngamandla kwenzeke kuphela ngaphakathi kwemidiyo yesakhiwo esipheleleyo, sohlelo lukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula nesiyisakhiwo sokugcina,

Uhlelo lomthetho wokuvikelwa kwamalungelo esintu kufanele lwenelise amazinga aphezulu kunawowonke omhlaba Juthi lwemukele amalungelo esintu esizukulwane sokugala, esisibili nesesithathu. IQembu leNkatha Yenkululeko liyawuchitha umgondo wamalungelo esintu "esikhashanaâ\200\235. 1Qembu leNkatha Yenkululeko liyawuchitha umgondo "wezifunda ezimiselwe isikhashanaâ\200\235, ngakho, indawo yezifunda kufanele ihlinzekwe esakhiweni nesimo sazo sokugcina, futhi sezinemisebenzi namandla azo okugcina.

1Qembu leNkatha Yenkululeko kalisiboni kwasona nje isidingo sohlelo hwezigaba ezimbili ngakho liwuchitha ngokupheleleyo umgondo woMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo. [sakhiwo esilandelayo nesingesokugcina kufanele semukelwe ngezingxoxo zokubonisana ukuze ukhetho lukwazi ukubanjwa ngaphansi kwemibandela yaso ekupheleni kuka-1994. Kusobala-ke ukuthi isakhiwo esizayo siyokwazi ukuchitshelwa Pphezu kwesisekelo semibandela Yyaso, kepha ngeke kubekhona ijubane

eliyingxenye vesakhiwo esizayo eliyokhuthaza ukuchitshelwa noma ukwesulwa kwaso. Ngakho, inqubo yokuchibelo isakhiwo kufanele ibe inqubo ejwayelekileyo engenazo izinhlelo zouxazulula izimo zakwangqingetshe noma amanye amasu okuchibela isakhiwo angase anyundele izinga lokukholakala nomlando wesakhiwo esizayo avumele nokuba kwemukelwe isakhiwo sesibili ngokubusa kweningi.

Uhulumeni omusha kakufanele agunyazwe ngamandla ohlelweni lombuso owodwa ohlangeneyo. Kuyinto evamise kakhulu ukuba izahluko ezigondene nesakhiwo ezigunyaza ukuba kudalwe izifunda ngaphakathi kombuso zihlale zingafezwanga ngokupheleleyo ngenxa yokungazimiseli kukahulumeni wombuso owodwa ohlangeneyo ukunikela ngamandla. Ngaleyondlela, imikhandlu eshayumthetho nawohulumeni bezifunda kufanele bagunyazwe ngamandia ngesikhathi esifanayo nalapho kugunyazwa khona whulumeni kazwelonke ngamandia.

Imibuso ekhona ezimeleyo njengamanje (izifundazwe, izifunda ezizibusayo nemibuso yase-Transkei, Bophuthatswana, Venda nase-Ciskei iyolondolozwa kuze kufike isikhathi lapho izifunda ezintsha ziyogunyazwa khona ngamandla. Uhlelo lokuhlelwa kabusha kwezifunda ezizimeleyo  kuyokwenziwa ngohulumeni nemikhandlu

eshayumthetho yezifunda. Kuyinto engenakwenzeka ukuba iQembu leNkatha Yenkululeko lemukele wkuba ukuzimela kukaH ulumeni waKwaZulu maqondana noMkhandlu Oshayumthetho, iSigungu nezezimali kuncishiswe nganoma iyiphi indlela ngaphambi kokuba kusungulwe isifunda esisha kwelaKwaZulu neNatali

Ukuzimela ngokwesakhiwo ngokwezifunda kufanele kugxiliswe futhi kufanele kuhlelwe futhi kuzwakaliswe Yisakhiwo sezifunda esesemukelwe ngokuzimela.

Kufanele yemukelwe indawo eyehlukileyo yelaKwaZulu neNatali nohlelo lokwemukelwa okukugcina kwesakhiwo sombuso waKwaZulu neNatali kufanele kube yinto ekhuthazwayo. IQembu leNkatha Yenkululeko lizinikele ekuvikeleni nasekuphakamiseni isakhiwo soMbuso waKwaZulu neNaiali. Indawo yelaKwaZulu neNatali ingahlinzekwa kuyoyonke iNingizimu ne-Afrika phezu kwesisekelo somgomo wokungahambisani. Nxa silinganisa nje, nxa yonke iNingizimu ne-Afrika ingagoka uhlobo lombuso owodwa ohlangeneyo, uMbuso waKwaZulu neNatali ungaqhubeka nobudlelwane nayoyonke iNingizimu ne-Afrika okufana nalobo obuphakathi kwe-Scotland neNgilandi okusobala ukuthi i-Scotland iyingxenye yayo ngokupheleleyo.

IMikhandlu Yesikhathi Soguquko ngeke isebenzise amandla kahulumeni Juthi ngeke inyundele ukuzimele kukaHulumeni waKwaZulu magondana noMkhandlu Oshayumthetho, iSigungu neZezimali,

IQembu leNkatha Yenkululeko lizinikele emgomeni wokwemukela ukubakhona kwemikhakha eyehlukeneyo Yyomphakathi, okungukwemukela

ukubakhona kwemikhakha eyehlukeneyo yamasiko, inhlalo yomphakathi, ezomnotho nombusazwe. Ukuzimela kwesiqu somuntu nokweqogo

labantu/ukuzilawula, ukuvikelwa kokwehlukana kwamasiko, ukulondolozwa kokuphelela nokubaluleka komphakathi wezakhamizi, ukwemukelwa nokuvikelwa kweqhaza lesakhiwo lemikhakha venhlalo yomphakathi neyamasiko kusukela ezakhiweni zendabuko nomndeni kuye kuyofinyelela ezinyonyaneni zezisebenzi nezinhlangano zezingcwepheshi, iqhaza elilinganisiweyo likahulumeni, ukubuyiselwa ngokupheleleyo ezandleni zawosomabhazinisi abazimeleyo kwemisebenzi esingethwe ngumbuso, ukuvikelwa kwempahla enabanikazi abazimileyo nomnotho wezimakethe okhululekileyo, ukuvikelwa kwamadlanzana ombusazwe, ukugondiswa ngokuhlanganyela ngentando Yyeningi ngaphezu kokumelwa nje ngokombusazwe, nokunye nokunye, konke kuyimigondo ehambisana nomgqondo obanzi wegama elithi "ukwemukelwa kokwehlukana

27 Julayi 1993

Mhlonishwa Somlomo, izingxoxo zokubonisana neQembu lamaNeshinali noHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ngezindaba zesakhiwo zaqhubeka ngaphakathi kohlelo olubanzi lombandela wombusazwe owabuye wathintwa yicala elafakwa nguHulumeni waKwaZulu ukuchitha umgondo Wokuvumelana Kwemiqondo Okweneleyo njengoba wawusetshenziswa e-World Trade Centre. Eqinisweni, ekuhumusheni umqondo wokuvumelana kwemiqondo okweneleyo ozihlalo abambalwa babeqinisa ngokuthi ukuhlanganyela kweQembu leNkatha Yenkululeko, okukaHulumeni waKwaZulu nokwawowonke amanye amalungu e-COSAG kwakungadingeki ukuze kuphothulwe izinqumo eziyisisekelo ezifana nokunqunywa kosuku lokhetho nokuthathwa kwalesisinqumo somhlaka-30 kuJuni 1993 esasimisa imidiyo eyisisekelo yesakhiwo esisha ngokuhambisana nemibandela yoMbhalo Oqopha Ukuvumelana Kwemigondo.

Mhlonishwa Somlomo, magondana nalokhu ngifuna ukufunda ukuze kuqopheke phansi iNcwadi Sethulo engayethulwa kuMhlonishwa uMengameli woMbuso ngomhlaka-29 kuJulayi 1993 eqoqa ezinye zalezindaba:

INCWADI SETHULO YOKUXOXA NOMHLONISHWA UMNU. F.W. DE KLERK, DMS UMENGAMELI WOMBUSO WASENINGIZIMU NE-AFRIKA

NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUT. HELEZI, UNDUNANKULU WAKWAZULU

ETHEKWINI 29 JULAYI 1993

Mhlonishwa Mengameli, ngigalisa ingxoxo yanamhlanje ngomcabango wokuthi ilandela ezingxoxweni esesike sabanazo ngezikhathi ngezikhathi kusukela ekuhlanganeni kwethu ngomhlaka-10 kuDisemba 1 992, lapho ngaqinisa khona ukubaluleka kokubhekana nodaba Iohlobo lombuso weNingizimu ne-Afrika yangomuso. Uzokhumbula, Mhlonishwa, ukuthi ngaqinisa ngokuthi uhlobo lombuso kufanele luxoxwe njengodaba oluhamba phambili, nokuthi ngaphandle kokuba kuxoxwe nangendluzula njengenye yezinkinga ezisicindezele kunazozzonke eNingizimu ne-Afrika, ukuxoxisana kuyobanzima kakhulu, nxa kungasho khona ukuthi ngeke kwenzeke kwakhona,

Ngathi kufanele kubekhona iNgqungquthela Yamagembu Amaningi yokubukeza ukuze iqalise ngalezizindaba nokufumana indlela eyaphambili. UHulumeni

waseNingizimu ne-Afrika ngakolunye uhlangothi wathi kufanele kubekhona ingqungquthela yokuhlela ukuze kulekelelwe ukubonisana ukuba kusukume Pphansi, ngathatha isinyathelo sokuhlangabezana ngasemukela lesisiphakamiso. Ngaphikelela nokuthi kufanele udaba lohlobo lombuso lunikezwe ithuba eliphambili nokuba udaba lwendluzula lubekwe Pphezulu ohlelweni lwezingxoxo.

Mhlonisinva Mengameli, kuze kube namhlanja kasikabonisani ngohlebo lombuso. Kuze kube namhlanje udaba Iwendluzula lusalokhu lusohlelweni lwezingxoxo, lulinganisene nezinye izindaba eziningi. Kakuzange kubekhona ukuhlela ngokulandelana kwezinto eziphuthumayo, ekubonisaneni. Esikhundleni salokho, zonke izindaba zihlelwe zalinganga nokubonisana kwagxumagxuma kwasuka odabeni olulodwa kwabuye kwabuyela emuva futhi.

Singene ezingxoxweni zokubonisana saqhubeka nazo sicabanga ukuthi esasikusho kuyazitshwa nokuthi umgondo wethu wezinto eziphuthumayo nomgondo wethu

wokuhlelwa ngokuyikho wezingxoxo zokubonisana kuchithwa njengezinto ezingagondene nemisebenzi,

Ekuvulweni kokubonisana mhla lulunye ku-Aprili 1993, saphinda sakugcizelela ukuthi sifuna ukuba kuqaliswe ngokunquma uhlobo lombuso nokuba kunqunywe ngohlobo lohlelo logugquko oluzolandelwa kanye nokuba ukusheshiswa kokuxazululwa kodaba lwendluzula/imibutho Yyezempi yangasithe kubekwe phezulu ohlelweni lwezingxoxo njengento okufanele ixoxwe nokufanele kuboniswane ngayo ngaphambi kokuba kuboniswane ngezinye izindaba. Abaphikisana nathi benza sengathi bayazemukela izicelo zethu ngokubeka udaba lohlobo lombuso nendluzula phezulu ohlwini olude Iwezindaba okwakuzoxoxwa ngazo

ekubonisaneni. Lokuhlu lwalungasho lutho ngohlobo loguquko njengodaba okwakungaboniswana ngalo.

Sazwakalisa ukukhathazeka ngaleyonkathi ngokuthi kasifuni ukuba izingxoxo zokubonisa zighutshwe yikuvumelana kwemiqondo ngalezozindaba okulula ukufeza ukuvumelana kwemigondo ngazo, ngenkathi izindaba ezinempikiswano zifugelwa eceleni ukuze zixazululwe ngokusetshenziswa kwezingxoxo ngokugina. Nalolosuku lomhlaka-1 ku-Aprili 1993, uHulumeni waKwaZulu wathatha isinqumo esinamandla kakhulu maqgondana nalokhu wethula isinqgumo esifuna ukuba kugalwe ngokunqunywa kohlobo lombuso kanye nesimo sohlelo loguquko sancishwa ilungelo lethu lokwethula lesosinqumo eNkundleni lokho kwenziwa ngezizathu ezehlukeneyo zenqubo, ngaleyondlela isingumo sikaHulumeni waKwaZulu kasaze saxoxwa.

E-World Trade Centre, uHulumeni waKwaZulu akakaze abenethuba lokuxoxa ngodaba lohlobo lombuso noma udaba lohlelo loguquko. Naphezu kwalokhu

kuntuleka kwempikiswano, sisabhekene nomphumela olushiya ngaphandie uhlelo lukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula kanye nomphumela ogxilisa uhlelo loguquko olunezigaba ezimbili olusekeleke ekugunyazweni

koMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo ngaphansi kwesakhiwo sesikhashana.

Ukuqonda lomphumela kungadingeka ukuba sicubungule izinyanga ezimbili izingxoxo zokubonisana okujulileyo ezazihamba ngejubane elesabekayo. Ngemuva komhlangano wenkundla yokubonisana yomhlaka-1 ku-Aprili, uMkhandlu Wokubonisana wavuma ukusungula amaKomidi ahlukeneyo okusebenza, injongo yawo okwakuthiwa ngeyokuhlelela izingxoxo zokubonisana eMkhandlwini Kwakubekwe ngokucacileyo ukuthi ukubonisana kakukwazi ukwenzeka emaKomidini Okusebenza kepha, kusukela kwasekugaleni abaphikisana nathi basebenzisa izingxoxo ngendlela yokuba baginiseke ngokuthi amaKomidi Okusebenza ayaphogelelwa ukuba akhiphe ulwazi, iziphakamiso nezincomo phezu kwezisekelo sendlela abona ngayo uhlobo lombuso nangesisekelo sokuvumelana -kwawo ngohlelo loguquko. Lelisu licaciswe ngokusobala embandeleni yokugala amaKomidi Okusebenza ayesebenzela phezu kwayo nakukho konke ayekuthunywe nguMkhandlu Wokubonisana ngemuva kwalokho.

AmaKomidi Okusebenza agondene nezindaba zesakhiwo aphakamisa ukuba uhlobo lombuso lughamuke ekuvumelaneni okufinyelelwe kukho ngemigomo yesakhiwo, kunokuba kube yisingumo okuqgalwe ngaso okwakuyolawula ukwakhiwa kwayo imigomo yesakhiwo. Lokhu kwamisa isimo sokuhlanganisa kwemigomo yesakhiwo okwakuyothi nxa isibhekwa isihlangene, ilushiye ngaphandle uhlelo lukahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula. Inkinga kwakuyikuthi yilowo nalowo mgomo wesakhiwo obhekwa uwodwa kwakunokushiwo ukuthi uyahambisana nethuba likahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula, kepha kuthi nxa sezihlanganiswe ndawonye zonke

izicucu zaze, kucace ukuthi ithuba likahulumeni oyedwa onezifunda ezinamandla okuzilawula lishiywe ngaphandie.

Ukuchaza esikuqondileyo, sifuna ukubhekisa esibonelweni esaziwayo sexoxo elisembizeni. Nxa ufaka ixoxo emazini aqgandayo embizeni ubusukhuphula izinga lokushisa kwalawomanzi kancanekancane, kuyothi kushona ilanga leloxoxo liyobe selifile selivuthiwe. Ngakolunye uhlangothi, uvele ulikhuphula kakhulu ngokushesha izinga lokushisa, ixoxo lizokuzwa ukushisa ligxume liphume embizeni liphephe.

Ngendlela efanayo, nohlelo hwezigaba ezimbili zoguquko nomqondo woMkhandlu Wesikhashana Wokubhala Isakhiwo kwagxiliswa ngobugqili kuzozonke izingxoxo esabanazo ngaphandle kokuba kuxoxwe ngokugcweleyo ngaloludaba. Nalokho